



health

Department:  
Health  
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL



# THULASIWE TBMDR HOSPITAL USUKU LWAMAGUGU ESINTU NAMHLANJE



Shono Wethu!

Sisho ngezwi intulizempi,  
ushikishi uhha! Hha!x3

Nyonini? Izinyoni izinyoninyoni!!  
Uhhuyi! Izinyoni izinyoninyoni!!  
Inqomfi! Izinyoni izinyoninyoni!!

Igwalagwala! Izinyoni  
izinyoninyoni!!





UMPHATHI WOHELELO



ITEM 4



ITEM 6



ITEM 8



ITEM 2



INYOSI YAKWABUTHELEZI YANGENA NGEHUBO  
IPHELEZELWA UBABA J. BUTHELEZI, ABANTWANA,  
INDUNA, CLLR. SM BUTHELEZI NABASEBENZI

ITEM 1



ITEM 3



ITEM 5



ITEM 7



UHLELO LOSUKU LWALUMI KANJE  
MPHATHI WOHELELO: MNU X.B. SIBISI

1. UKUVULWA KOMCIMBI NGOMKHULEKO : NKZ.  
MTHETHWA

2. UKWAMUKELA IZIHAMBELI ZETHU: NKSZ. P.M.  
MTSHALI

3. UKUTHULWA KWEZIHAMBELI: UMTWANA  
WAKWAKLIBHI

4. INGOMA: IZIMBALI ZASE-THULASIZWE

5. OKHULUMELA ABAPHATHI BESIBHEDLELA: NKSZ.  
K.M. HABEBE

6. INDLAMU NOMCULO: AMAGEZA ASETHULASIZWE

7. INHLOSO YOSUKU: MNU. E.G ZULU

8. AMAHUBO: INYOSI YAKWABUTHELEZI

9. IZIBONGO ZENKOSI USHAKA KA-SENZANGAKHONA:

INYOSI YESILO B.M. MDLETSHE

10. INKONDLO: NOKWAZI NTULI

11. AMAZWI OKUBONGA

12. IZIMEMEZELO: N.P. NTULI

ITEM 9



ITEM 12

# AKESIZWE UMLANDO WENKOSI USHAKA KA-SENZANGAKHONA

Inkosi uShaka kaSenzangakhona yazalwa ngonyaka we nkulungwane, amakhulu ayisikhombisa, amashumi ayisishiyagalombili nesikhombisa (1787), ngase-Melmoth, enyakatho yesifundazwe saKwa-Zulu Natal, yakhothama ngonyaka wenkulungwane, amakhulu ayisishiyagalombili, amashumi amabili nesishiyagalombili (1828), Kwa-Dukuza, eningizimu yalapho azalelw khona, esofundazweni saKwa-Zulu Natal. Ubukhos: 1816 kuya ku 1828, Uyise: Senzangakhona kajama, Unina: Nandi, Ukuzalwa: 1787, wakhothama: Mandulo 22, 1828 (eneminyaka engu 41). Inkosi uShaka kaSenzangakhona waziwa kakhulu ngokuhlanganisa izizwe zamaNguni zase nyakatho, ikakhulukazi lezo zakwa Mthethwa nezakwa Ndwandwe, wazifaka ngaphansi kobuholi nombuso wakwa Zulu. Lokho kwakuwukugala kwesizwe esasinamandla eningizimu yezewekazi lase Afrika phakathi kwemifula uPhongolo no Mzikulu. Ubuholi nesibindi sakhe kwamenza waba ngomunye wabaholi besizwe sakwaZulu ababungazwa kakhulu emlandweni. Umlando umbiza ngokhaliphile kakhulu ngenxa yobuhlakan bakhe ekuthuthukiseni indlela amabutho akwaZulu ayelwangayo kodwa ubuye umgxeke kakhulu ngenxa yodlame nonya lombuso wakhe. Ubuholi bakhe busenomthelela futhi busadlala indima enku kakhulu endleleni yempilo eNingizimu Africa nanamuha.

Umlando uthi inkosi uShaka wayeyindodana yenkos uSenzangakhona kajama nomkakhe uNandi eyatholaka ngaphandle komshado. uNandi kwakuyindodakazi kaBhebhe, owayengumholi wesizwesas'Elangeni tribe. Ngenxa yokwala kwabasebukhos ukumamukela, wakhulela ekhaya konina. Umlando uthi wamukelwa ebuthweni lempi khona lapho. Ezinsukwini zobusha bakhe empini wayengaphansi kobuholi bomholi uDingiswayo kanye nesizwe sakwaMthethwa, nekuvisizwe ngalesosikha, isizwe sakwaZulu esasikhothama kuso. Inkosi uShaka wayeyilunga lebutho lakwaMthethwa iminyaka ebalelw eshumini, wazihlukanisi eningini ngokukhombisa isibindi empini, ikakhulukazi uma kuliwa ezixukwini lapho amabutho esondelene khona. Ikhono lakhe labonwa umhloli wesizwe sakwaMthethwa uDingiswayo. Umholi uDingiswayo wamthanda kakhulu uShaka emuveni kokuthola ukuthi uzalwa ebukhosini. Wamunika isikhundla sokuhola amabutho akhe. Umholi uDingiswayo wayedingisiwe ngemuva kokuzarna ukuketula umbuso kayise. Ayemaningi amaqembu eziwe kuleyo ngxenye yesizwe, kuwo kubalwa abakwaMabhudu, abakwaDlamini, abakwaMkhize, abakwaQwabe, kanye nabakwaNdwandwe. Kanye nalawormaqembu, uDingiswayo wasiza ekukhuliseni amacebo empi kanye nezinhlangano zikaqedo isizungu. Umlando uthi kusolakala sengathi babephendula incindezi nokugqilazwa kwabantu eningizimu yeMozambique.

Ngesikhathi inkosi uSenzangakona, uyise kaShaka ekhothama, uSigujana, umfowabo ka Shaka omncane wagcotshwa njengenkosi yesizwe samaZulu, ubukhos bukaSigujana abufikanga ndawo, umlando uthi inkosi uShaka, ngosizo luka Dingiswayo nomfowabo uNgwidi babopha uzungu lokubulala uSigujana. Kwaba ukuqala kombuso wenkosi uShaka, nakuba eseyinkosi, waqhubeka nokuyamela kumholi wesizwe sakwaMthethwa uDingiswayo. Inkosi uShaka yayinakho ukuvumela abahambi baseNtshonalanga abangondlebe zikhanya ilanga ukuba bangene ezweni lakwaZulu. U-Henry Francis Fynn walapha inkosi ngemuva kokuba ihsaselwe ilunga lebutho ababelwa nalo elalicashe ngezixuku. Ukumbonga, uShaka wavumela abasentshonalanga ukuthi bangene futhi benze izinto zabo ngaphakathi kobukhos bakwaZulu. permitted European settlers to enter and operate in the Zulu kingdom. Lokhu kwavulela amaNgisi ithuba lokudala izinxushunxushu embusweni wakwaZulu. Nakuba inkosi uShaka yayibukela ubuchwepheshe nezindlela amangisi ayezithuthukisa ngayo wagcizelela ukuthi izndlela zakwaZulu zazingaphezulu kwalezo ezezihambi.

Ngosizo lukaDingiswayo, inkosi uShaka yalola ibutho layo, yakhanda ubuhlobo nezizwe ezinyana ukulwiana nobungozi obabuvela esizweni sakwaNdwandwe enyakatho. Iminyakazo yokuqala yayiyileyo yokuzivikela. Ngemuva kokukhothama kukaDingiswayo, ebulewe nguZwide wesizwe samaNdwandwe, inkosi uShaka yafuna ukuphindsela. Nakuba umlando ungacacisi kahle, uthi ngelinje ilanga uZwide waphunyula ngembobo yenaliti, kulesosigameko unina kaZwide, uNtombazi owayeyisango wabulawa yinkosi. Umlando uthi inkosi yakhetha indlela enesihluku kakhulu ukumbulala, yamvalela endlini no Jakalase ne Zimpisi, zamudla ephila, ekuseni wayishisa leyondlu. Nangemuva kwalessigameko, inkosi yaqhubeka nokumzingela uZwide. Ngemuva kweminyaka inkosi noZwide bahlangana okokugcina ngasemfuleni uPhongolo. Nakuba inkosi yamqoba uZwide, kwalahlek izimpilo eziningi kuleyompi, kulabo kubalwa nomholi webutho lenkosi Umgobhozi Ovela Entaben. Ngalesiskhathi inkosi yayisiphikelela eNingizimu ngaphesheya komfula uThukela, yilapho asungula khona inhlokodolobha eyayibizwa ngokuthi uBulawayo emazweni akwaQwabe, akaphindanga waphindela KwaZulu.

Ngesikhathi inkosi iqhubeka nokuhlomula inhlonipho yesizwe kwaba lula kakhulu ukuthi isabalalise amacebo ayo. Ngenxa yemvelaphi yakhe njemgebutho, inkosi yafundisa iszwe sakwaZulu ukuthi indlela esebezayo kahle uma ufuna amandla ukunqoba nokulawula ezinye izizwe. Izimfundiso zakhe zabanomthelela omkhulu endleleni isizwe sakwaZulu esasiphila ngayo, lokho kwaba usizo olukhulu kuShaka. Umbuso wenkosi uShaka wawulele kakhulu emandleni amabutho akhe. Wayewasekela amandla amabutho akhe ngokunxusa nokwakha ubuhlobo nabanye abaholi. Kulabobaholi kubalwa uZihlandlo wakwaMkhize, ujobe wakwaSithole, noMathubane owakwaThuli. Ubuholo benkosi nalabaholi babuvele ngezindlela zokunxusa. AbakwaQwabe bazama ukukhanda umkhondo okhamba ukuthi babehlobene namaZalu, ngaleyondlela badale ukuthula nokuzwana, leyomizamo ayiphumelelanga, impi yalandela. Umlando uthi kubukeka sengathi abafowabo benkosi uDingane kanye noMhlangana basebezame kibili ukubulala inkosi ngaphambi kokuba baphumelele. Izinsolo ezithi amaNgisi adlala indima etulweni lokubulala inkosi azipondakali izinsolo kwazise phela nakuba ayimubonanga njengomuntu ongaba yingozi embusweni wabo kusasa, kwakunokuthula okwanele phakathi kwabo nenkosi, ngaphambi kokuba inkosi ikhethame yavumela amaNgisi ukuthi asebenze ngokukhululeka endaweni eseyaziwa ngokuthi yiTheku nanamuha.

## Ukukhothama

Inkosi wahlaselwa ababulali abathathu ngosuku Iwamashumi amabili nambili (22), ngenyanga kaMandulo, ngonyaka wenkulungwane, amakhulu ayisishiyagalombili, amashumi amabili nesishiyagalombili.



Ngalelolanga cishe onke amabutho ayethunyelwe enyakatho ukuyohlasela. Lokhu kwabangela ukuthi isigodlo senkosi sisale singagadiwe ngokwanele. Leli kwakuyithuba abafowabo benkosi kanye nenduna uMbopha ukuhlasela inkosi. U-Mbopha wadukisa umkhondo evulela uDingane kanye no Mhlangana ithuba lokuthi ngagwaze amanxeba athatha inkosi. Umlando uthi bawuthatha umzimba wenkosi bayowungcwaba lapho kungazi muntu khona. Itshe lesikhumbuzo senkosi lagxunyekwa labesola sengathi umzimba wenkosi wahlihlwa khona, KwaDukuza, enyakatho yeTheku, KwaZulu Natal.

## Isihlalo Sobukhosi

Umfowabo wenkosi uDingane wathatha isihlalo sobukhosi, waqala uhambo Iwakhe lokuqotha bonke ababeyizithenjwa zenkosi uShaka, nokuwuhambo olwathatha iminyakana.

## Ifa

Isikhumulo sezindiza esaziwa ngokuthi i-King Shaka International Airport e-La Mercy, 3enyakatho yedolobha lase Thekwini yavula ngosuku lokuqala enyange ka Nhlabo ngonyaka wezinkulungwane ezimbili neshumi (2010) lapho kwakwenziwa khona amalungiselelo endebe yomhlaba yebhola likanobhutshuzwayo.

Isikhumulo sezindiza sethiwa leligama lenkosi emveni kwenkulomo mpikiswano eyathatha iminyaka ebalelwya kwemibili. Akugcini lapho, ngonyaka wezinkulungwane ezimbili nane (2004) indawo kaqedza isizungu ebizwa ngokuthi uShaka Marine World yavula enkaben i yedolobha eThekwini.

## IZIBONGO ZENKOSI USHAKA KA-SENZANGAKHONA



Izibongo zeNkosi uShaka kaSenzangakhona  
zathulwa ngubaba Inyosi yeSilo B.M.



Mdletshe  
DOUBLE CLICK LEFT  
BUTTON TO HEAR  
IZIBONGO ZENKOSI  
USHAKA



uBaba James Buthelezi, Inyosi yeSilo BM  
Mdletshe kanye neNyosi yakwaButhelezi,  
P.E. Buthelezi



Ubaba Inyosi YakwaButhelezi  
ihubo amahubo esintu kanti  
uma ufunu ukuzwa kabanzi  
ngezinto zesintu ungalalelal  
uKhozi Fm njalo ngesonto  
ekuseni ngehora lesi-5 uhlelo  
Izwi Labantu, lapho efundisa  
khona ngesintu sakithi kwaZulu



eThulasizwe asimzum' umuntu, asimzum' umuntu  
simqonda ngqo! X3 Thina kwaZulu asimzum' umuntu,  
asimzum' umuntu! Simqonda ngqo! X3



Bezhlobe ziznhle kanje izimbali  
zaseThulasizwe, sale usugez' amehlo nsizwa  
vele uyaqala ukubona intomb' ezinhle kanje



Bekukuhle  
kudeliwe sigubha  
usuku Iwamagugu  
sihlobile insizwa  
zihaya ingoma ethi  
"lentaba le uCeza  
sigubha khona  
umgodi", omama  
belilizela intombi  
zishaya ishindindi.  
Weeee! Angithule  
ngoba kothiwa  
sengithe kanti vele  
sengishilo



Lensizwa iyizwa kahle lengoma ize  
yabamba induku ngathi Microphone



Cupha! Cupha! Cupha!  
Ukube khon' umama!  
ngab' uyalilizela!  
Uyalilizela Hhai! Hhai! Uyalilizela!





Besikhomba phezulu, sikhombe  
ngapha nangapha sikhombe phansi  
sihuba amahubo, sihay' ingoma,  
kusuk' usinga kulilizele omama  
sishindiza, siyibhikla! ingoma

Umlando wezinkomo  
zakwaZulu! Hhayiboni  
x2  
Hhayibon' inyamazane

Siyesadlezikude  
Siyoshis' amnkengane  
Baleka wensizwa  
Hheee! Hhee!  
Baleka wensizwa  
Athi Awu! Awu! Awu!  
Baleka wensizwa



Awubheke ishaywa  
kanjani ingoma kwaCeza,  
sizokuncamisa



Ndabezitha! Mageba!

Hhayi Weshindindi hheshe! X2  
Shindindi hheshe!  
Bebeth' umcimbi awukho lana!  
Abeze bazobona senzani,  
Shindindi hheshe!

Lilili!! Lilili!!  
Uyothi  
wabonani



Izicukuthwane zethu ezivela emphakathini  
wakwaCeza, Abantwana, izinduna,  
Khansela SM Buthelezi



Abasebenzi bakwa Old Mutual nabo  
bebekhona, bezosinikezo uxhaso banika  
abasebenzi izikimba



Bezibukeka kanje izihambeli zethu

Phakathi kwezihambeli zethu bekungu  
Khansela M.S Buthelezi, Inyosi yakwaButhelezi,  
Inyosi yeSilo, Abantwana baseGazini, uMtwana  
wakwaKlibhi, izinduna zendawo kanye  
nomphakathi

Nksz. N. Ndwendwe  
“Zethu”



Ukudla kwesizulu nakho  
bekuconsisa amathe kanti  
futhi kunempilo, phela ukudla  
okuphuma emhlabathini  
kungafakwanga zinto zanangi  
kwakha umzimba kukunike  
umsoco namandla.



uMtwana.  
S'miso Zulu

Gabi! Gabi!  
Mmmnandilicious



Inkukhu yesiZulu nojeqe nenqeqe.  
Mmm!! wavele walamba usuze  
wakhamisa ngeke ukuthole



Ungabheki uyahala! Usuyoze  
ucons' amathe besik'khombisa nje  
ukuthi bekubukeka kanjani



Uma ingekho immfino  
kusuke kungaphele  
ukudla kwesintu, phika  
phela



Phak' inyama ndoda wakhapha  
ngaqatha linye nje ibandla lingaka  
wenzani udlala kancane ingom'  
ishehsha



## Sithini isiZulu ngentombi nensizwa

Gege! La! Gege! ntombi ziyamgegela! Ubani ongaqom' inyamazane sikhona!



Ngithe ngilala embedeni, umbhede wangibhedela, ngathi ngilala ecansini, icansi langicasula, ngathi ngilala esikhumbeni isikhumba sangikhumbuza wena mtanomnumzane., isingehlule imicabango Uyangikhipha noma uyangifaka ntombi?

Isifikile insizwa izozibika kuphele amazwi entombini ngoba phela mayithi ngiyak'khipha kwakubonakala ngensizwa isigya ithi izibongela ithi uyayikhipha osizini kanti futhi mawuthi ngiyakufaka yayophinde igiye izibongele ithi uyangifaka enhlizweni yakho. Ewu bese ixakeka nje ukuthi ithini



Intombi yayigcina isiqomile noma isiyivumile insizwa ngaleyondlela, bese ikhanda ucu, kumiswe iduku baphane nezipho kuqalwe indaba yokwakha ubuhlobo emindenini emibili bengakahlangani insizwa nentombi ngokwasendlini, uma befuna ukubonana bephelezelwe iqhikiza ukuze bengatholi ithuba lokuthinta izitsha ezifayo

Kuyothi makufika lesosikhathi esifanele kwakudingeka ukuthi insizwa ibe inamandla ngoba phela intombi yayizokuzwa amandla anduba uyingqobe nogijimisana elawini kuyoze kuse, hhayi ngoba sekwanikwana udede kwaze kwaze kwaqanjwa nengoma ethi koze kuse kuyolamula ukuphuma kwelanga.

Hhiya ke mzakwethu kaNdaba sekufike lapho indaba zethu ziphela khona siyophinde sihlangane futhi ngomcimbi wethu olandelayo kanti ungabheka nezindaba ezinhle zesibhedlela engizikhapha njalo ngekwata. Ngizothanda ukudlulisa okukhulu okubonga kubaphathi besibhedlela ngokusivumela senze lomcimbi, ngibonge uNokwazi Ntuli (FIO) ngokubambisana ukuthi sihlele umcimbi omkhulu nomuhle kangaka, abasebenzi abakhiphe emaphakatheni wabo ukuze umcimbi ube impumelelo baphinde banikela ngamathanga nangezinkobe, nangobhatata, umamaMwandla nethimba ebelisilekelelana nalo sipheka, Izcukuthwane zethu: Inyosi yeSilo, Inyosi yakwaButhelezi, ubaba James Buthelezi, Khansela Buthelezi, uMntwana wakwaKlibhi, izinduna kanye nomphakathi.

Ngibonga kakhulu kubaxhasi bethu esibe nabo kulonyaka uMnu. Linda Mpanza wakwaCeza Tearoom kanye noDokotela Simelane oPhongolo Surgery. Sibusisiwe isandla esiphayo kenesamukelayo, iNkosi inibusise. Ngiyabonga Yenziwe nguNksz. PM Mtshali uMxhumanisi (Ibamba) ifoni: 035 832 6000 umakhala ekhukhwini: 082 3999 543 isikhahlamezi: 035 832 0061 imeyili: [present.mtshali@kznhealth.gov.za](mailto:present.mtshali@kznhealth.gov.za). Ngiyathokoza!

